**INKULUMO KANGQONGQOSHE WEZOKUTHUTHA, UKUPHEPHA NOKUXHUMANISA UMPHAKATHI KWAZULU-NATAL UMNUZ BHEKI CELE EMCIMBINI WOKUVULA IBHULOHO INTETHE MHLAKA 19 APRIL 2009.**

**Ngiyanibingelela nonke**

- Olundi sekusekhaya manje kimina. Le ndawo ingenye yalezo ezisondelene kakhulu nenhliziyo yami lapho abantu besahamba amabanga amade ngezinyawo beya emitholampilo, ezibhedlela, ezikoleni nasezikhungweni zempesheni.

- NjengoNgqongqoshe wezokuThutha kulesi fundazwe saKwaZulu-Natal, nginesibopho ngokwepolitiki sokuqinisekisa ukuthi sibuyisela isithunzi sothisha nabafundi besifazane okumele bakhumule izingubo uma bewela imifula. Nginesibopho ngokwepolitiki sokuqinisekisa ukuthi akukho muntu noma inhlangano ezosivimba ukuthi silethe ingqalasizinda kubantu bakithi.

- Kodwa ngihlale ngikugcizelela futhi ukuthi njengezigaba ezahlukene zikahulumeni kumele sisebenzisane ukuqinisekisa ukuthi abantu bakithi bathola impilo engcono. Ikusasa labo lingafani nenamhlanje.

- Kuyishwa ukuthi kwezinye izindawo kunabantu abasebenzisana nathi abathola ukugxekwa baze basuswe nasezikhundleni. Kodwa uMnyango wezokuThutha uhlale uzimisele ngokulekelela omasipala ngamakhono abangenawo uma behlela ingqalasizinda yomgwaqo ngaphandle kokubheka iqembu lepolitiki elihola lowo masipala.

- Namhlanje sivula isigaba sokuqala sebhuloho iNtethe isicelo salo esafakwa yikhansela lendawo ngo-2006. Lo msebenzi usudle isamba sika-R1,7 million kuze kube manje.

- Njengomgomo kahulumeni wethu, okunye okubalulekile ekwakhiweni kwaleli bhuloho ngukuthi kuzokuba nenzuzo kwezomnotho emiphakathini elakhelwe wona. Sikhuluma nje angu-47 amathuba emisebenzi esitholwe ngabantu bendawo – abesilisa abangu-37 nabesifazane abayishumi.

- Siyazi sonke ukuthi ngonyaka ka-2002 kwaminza abafundi ababili kulo mfula kwathi ngo-2007 kwaminza enye futhi ingane ngenkathi izama ukuwela umfula. Kunothisha waseSkhalelumuzi owahlaselwa wabulawa ezindongeni zomfula ngenkathi ewela.

- Leli bhuloho lizosetshenziswa ngabantu abaningi abaya ezikhungweni zomphakathi ezahlukene. Lokhu kuhlanganisa iS'khalelumuzi Primary School neNsikayendlu High School, isibhedlela nomtholampilo ongumahamba nedlwana, isiteshi samaphoyisa, izithuthi zomphakathi nezindawo zomlando ezigudle umgwaqo.

- Mangithathe leli thuba ngihalalisele umphakathi wonke waseZululand ngayo yonke imisebenzi yemigwaqo namabhuloho esilethiwe nesazolethwa kuwona.

- Lapha ngikhuluma, phakathi kweminye, ngo D1820, P700, P432 P235/ P49/ P52, P234 P487, iMpembeni, iSikhwebezi Pedestrian Bridge, iThombothi iRiver Bridge, iWela River Bridge, Obivane Bridg, iQwasha River Bridge, Obivane River Bridge, Umbhudula Road neKwaBhanya River Bridge.

- Njengoba isikhathi salo hulumeni oholwa nguNdunankulu uManzankosi siphela kule nyanga, ngithanda ukunihalalisela nonke esenihlomulile ezinhlelweni zikahulumeni.

- Ngithanda ukubonga nabo bonke esisebenzisana nabo eMnyangweni wezokuThutha abalokhu beqinisekisa ukuthi sihamba ngomgudu owodwa njengomndeni wezokuthutha selokhu ngaqokelwa ukuba nguNgqongqoshe walo Mnyango. Imisebenzi iyabonakala.

- Akuqali njalo ukuthi sibe nohulumeni eNingizimu Afrika naKwaZulu-Natal ikakhulukazi. Kodwa abantu ezindaweni esesakhe kuzona le ngqalasizinda sebexoxa indaba ngoguquko abalubona ezimpilweni zabo.

- Mangiphethe ngokuthi nakuba singenayo imali eyenele, sizolokhu sizama ngokusemandleni ukuvala igebe ngokufuqa umkhankaso ka-Operation Kushunquthuli ukuze ekugcineni izimpilo zabantu baKwaZulu-Natal zibe ngcono kunayizolo nekusasa labo libe ngcono kunenamuhla.

- Imali engu-R9 billion etshalwe kwingqalasizinda nokuqashwa kosonkontileka bakaZibambele abangu-40 000 asebekwaze ukonga ngaphezulu kuka-R9 million kulesi fundazwe kule minyaka emihlanu, kuyakhombisa ukuthi ngempela sibuyisela okwabantu kubantu, imisebenzi iyabonakala*.*

**Ngiyabonga**